

Umnumzane uQaqa wayekuthanda ukuswenka. Athi uma eseswenkile, abukise nakwezinye izilwane.

ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 2 6/21/23 15:59





KwakunguMsombuluko umnumzane
uQaqa ehlangana nombuzikazi.

ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 4 6/21/23 15:59

“Hamba uyogeza wena, uziqhole, unuke kamnandi,” kusho umnumzane uQaqa.

Umbuzikazi wathi, “Cha mfowethu. Nguwe okumele ugeze.”





ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 5 6/21/23 15:59

NgoLwesibili umnumzane uQaqa wahlangana nomnumzane uNtibane.





ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 6 6/21/23 15:59


“Awuzibuke nje! Awunamahloni okudlala odakeni umdala kangaka?” esho emhleka.

“Musa ukungedelela njalo!” sekusho umnumzane uNtibane. “Awungcono ngalutho nje kunami.”






ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 7 6/21/23 15:59





NgoLwesithathu umnumzane uQaqa
wahlangana nomama uNdlovu.
“Nina zindlovu ningogimba nje!” kumemeza umnumzane
uQaqa. “Awubheke nje lo mkhabakazi wakho!”
Umama Ndlovu wambuka kabi, wazihambela.

ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 8 6/21/23 15:59





NgoLwesine umama nobaba uPigogo, babekhipha izimemo zosuku lokuzalwa kwendodakazi yabo. Bamema zonke izilwane.


ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 11 6/21/23 15:59



NgoLwesihlanu umnumzane uQaqa wahlangana nonkosazane uDube.



ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 12 6/21/23 15:59



“Ngiyazi uzodansa nami emcimbini, angithi?”
kubuza umnumzane uQaqa.
“Ngeke ngidanse nawe mina. Uyanuka!”
kusho unkosazane uDube.



ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 13 6/21/23 15:59



NgoMgqibelo emcimbini umnumzane uQaqa wacela unkosazane uPigogo. “Sengizodansa nawe uma sengidansa futhi,” kuchaza umnumzane uQaqa.

“Ngekemina ngidanse nawe, wedelela kabi, futhi uluhlaza!” kusho unkosazane uPigogo.



ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 14 6/21/23 15:59





Umnumzane uQaqa waphoxeka kakhulu.
Uthe esuka wayeya kumngani wakhe
umnumzane uNsimba.

ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 16 6/21/23 15:59





“Phela unkosazane Pigogo nonkosazane Dube abafuni ukudansa nami,” esho ekhononda. “Yebo, ngizwile,” kwasho umnumzane uNsimba emamatheka.

ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 17 6/21/23 15:59

“Ngabe ngiyanuka ngempela?”
kwakubuza umnumzane uQaqa.

“Khona ngempela unalo iphunga elibi.
Kodwa futhi ayikho into ongayenza ngalo,”
kwasho umnumzane uNsimba emamatheka.

“Ngabe ngiyedelela ngempela?”
kwabuza umnumzane uQaqa.

“Yebo, sengathi kwabanye uluhlaza impela,”
sekusho umngani wakhe umnumzane uNsimba.

“Hawu! Bengingakwazi ngempela–ke lokho,” kusho
umnumzane uQaqa, ekhulumela phansi, esephoxekile.

“Kodwa-ke lokho usangakuguqula,”
sekusho umnumzane uNsimba.



ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 18 6/21/23 15:59

Umnumzane uQaqa waya kuMbuzikazi,
umnumzane uNtibane nakumama uNdlovu.

“Ngiyaxolisa kinina nonke ngokuba luhlaza,” washo ezixolisela. “Ngiyethembisa futhi ukugeza nokuxubha amazinyo, zonke izinsuku kusukela manje.”





ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 20 6/21/23 15:59





Umbuzikazi wanqampuna imbali eyayiseduze, umama Ndlovu yena wayifaka ephaketheni likamnumzane uQaqa. “Usuzonuka kamnandi-ke manje,” wayesho emamatheka.

ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 21 6/21/23 15:59

Unkosazane uPigogo wamuzwa umnumzane uQaqa ezixolisela.



ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 22 6/21/23 15:59





Wavele wadonsa umnumzane uQaqa ngengalo, emdonsela eshashalazini.

Izilwane zonke zashaya ihlombe zibona umnumzane uQaqa nonkosazane uPigogo bedansa kamnandi.

ZA_ABP_18_0059_Polecat__Inside.indd 23 6/21/23 15:59

Room to Read

**Room to Read South Africa**
1209 Francis Baard Street, The Gables, 1 Floor, Hatfield, Pretoria 0028, South Africa
www.roomtoread.org

*Ngonyaka ka 2018 inhlangano yaka REACH yalekelela inhlangano yaka Room to Read kanye nabashicileli baseMzansi ukusungula babhale izincwadi ezingu 20 ngezilimi zaseNingizimu Afrika. Enye nje yalezo zincwadi yiyo le oyiphethe! Lezi zincwadi zaqalwa zabhalwa ngeSipedi, isiSwati, isiTsonga, isiVenda kanye nesiZulu. Zonke lezi zincwadi zitholakala ngazo zonke lezi zilimi kuhlanganisa nesiNgisi. Ukuthola eminye imininingwane, vakashela ku onedayonebook.org*

*UQaqa*
Polecat
Ihunyushwe nguBusi Maphumulo

Room to Read GSD ID: ZA-ABP-18-0058
ISBN: 978-1-928441-89-2

Ishicilelwe okokuqala iAbantwana Publishing.
Le ncwadi yabhalwa okokuqala ngeSiSwati nguTimothy Mfana Mongwe.
Umfanekisi nguReshoketswe Motau noJanet Pagliuca
Umhlobisi nguSteven Mckimmie
Umhleli nguFiona Wallace
ngosizo lwabakwa-One Day One Book, eGoli, mhla ka-9 Juni 2018.

Uma ufisa ukuthenga izincwadi eziningi, sicela uxhumane nomshicileli ngqo.
Abantwana Publishing
145 Corlett Drive, Bramley, Sandton, 2090
Salome Marima | 011 440 3141 | sales@abantwanapublishing.co.za

Lonke lolu hlelo lwaxhaswa ngezimali siyikhwama senhlangano ebhekela imiPhumela yeMfundo eziNganeni eBhange loMhlaba neNhlangano yoMhlaba yeziNcwadi ilekelelwa uMnyango weMfundo eyisiSekelo.

CC BY

Wonke amalungelo ale ncwadi agodlwe ngabasunguli bazo zonke izingxenye zale ncwadi. Bakhethe ilayisensi yohlobo loHlelo lokuSabalalisa iNcwadi Mahhala, okusho ukuthi incwadi isiyonke ilawulwa yile layisensi. Ngakho, noma ngubani ukhululekile ukufunda, ahumushe, agaye futhi asabalalise le ncwadi. Uma ukhetha ukusebenzisa noma iyiphi ingxenye yale ncwadi, kumele uqhakambise abasunguli bayo.